

**UMNU MATAMELA CYRIL RAMAPHOSA KANYE NEZISEBENZI ZASENTABA  
NYONI ESTATE NENTABA NYONI FEEDLOT BANIKE USARS IMVUME  
YOKWENZA ISITATIMENDE ESIDLANGALALENI MAYELANA NESIMO SABO  
SOKUTHOBELA IMIGOMO YENTELA**

**Tshwane, 7 kuNdasa 2023** - Ngokwazi ukuthi umphakathi unentshisekelo futhi ukhathazekile ngodaba Iwabakhokhintela uMnu. Matamela Cyril Ramaphosa, Ntaba Nyoni Estate kanye neNtaba Nyoni Feedlot, uSARS usuthole imvume yabakhokhintela ngokwesigaba 69 (6) soMthetho wokuPhathwa kweNtela nombolo 28 wezi-2011 (i-TAA), ukuba wenze isitativende esidlangalaleni. Ngaphandle kwemvume ebhaliwe yabakhokhintela neziSebenzi ngokwesigaba 69(6) se-TAA, uSARS ubuzobe uvinjelwe umthetho ukwenza lesi sitativende. Ukuvuma kwezinkampani kwenziwe yiSisebenzi senkampani ngayinye abaqokwe ngokwesigaba 246 se-TAA, 2011 futhi babhekene nayo yonke imithetho nezindaba zenkampani eziphathelene nentela.

Kulandela lokho, uSARS ufisa ukuhlinzeka ngengcaciso kulokhu okulandelayo:

Ngokwesigaba 40 se-TAA, uSARS ungaqoka umuntu ukuze ahlolwe, aqinisekiswe, noma kwenziwe ucwaningomabhuku kubhekwa lokhu okuhambisana nokuphathwa ngendlela komthetho wentela, kubandakanya nokuhlolwa kobungozi obungase bube khona. Abakhokhintela bahlonzelwa ukuba kube nezinyathelo zokuthobela ngokubhekwa kwamacala kusetshenziswa indlela esungulwe nguSARS ethola imininingo ekhona ekudaluleni okwenziwe abakhokhintela, imininingo ehlinzekwe umuntu wesithathu kanjalo neminye imithombo. Izinyathelo zokungenelela ezenziwa uSARS zenziwa ngokukhulu ukucophelela nangokuzimela. Ngokusebenzisa le ndlela, abakhokhintela okukhulunywa ngabo eminyakeni eyedlule bakhethwa nguSARS ukuze kwenziwe ucwaningomabhuku kusenesikhathi ngaphambi kokujala kokushicilelwu kwabezindaba mayelana nezinkampani kanti lokhu bekulokhu kuqhubeka kusukela ngaleso sikhathi.

Ngokusebenzisana nezisebenzi kanye nabeluleki, abakhokhintela bebelokhu bebambisene noSARS ngenkathi kwenziwa ucwaningomabhuku kanti futhi abakhokhintela, izisebenzi zabo, noma omunye othintekayo abakaze bagxambukele noma banqabe.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter, uyaqinisekisa ukuthi: "Akukho la uMongameli uRamaphosa ake weza kimi, noma ethumele omunye umuntu egameni lakhe, nesicelo esimayelana naye kanye/noma namabhizinisi okukhulunya ngawo."

UKhomishana uphinde wathi: "Ngokuthatha leli gxathu elikhulu kangaka lokudalula isimo sentela sikaMongameli, ngemvume yakhe ebhaliwe, uSARS uzophinde ukhuthaze abanye abasezikhundleni eziphezulu nabaholi emphakathini ukuba bathathe izinyathelo njengengxene yokuzinikela kwabo ekwenzeni izinto ngendlela esobala. Lokhu kuzokwenza umehluko omkhulu ekwakheni ukuthenjwa kwezikhungo zezwe lethu."

Kuze kube manje, ucwaningomabhuku seluphothuliwe kanti akukho okubi okutholakele mayelana nentela. USARS ufisa ukuqinisekisa ukuthi abakhokhintela bayithobele imigomo yentela kanti futhi izibophezelo zabo zentela azisilele emuva.

USARS uhlala njalo uqinisekisa umphakathi ukuba senza konke ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula futhi sizoqhube ka senze kanjalo kunoma yimuphi omunye umkhokhintela nomhwebi kungakhathaleki ukuthi bakuziphi izikhundla emphakathini. Ngokubambisana ngokuphatha umkhokhintela wonke ngobumfihlo okunikwe umthetho, lokhu kwenza umsebenzi ngenhloniph, engephikiswe, kusemqoka ekuthini umphakathi umethembe uSARS. Sizohlala siyilandela le migomo futhi ngaphandle kokwenzelela.

**Ngeminye imibuzo:** [SARSmedia@sars.gov.za](mailto:SARSmedia@sars.gov.za)